UMTHETHO 2 KA-2019 WOKUPHATHWA KWEZOKUTHUTHA WASEGAUTENG

UMNYANGO WASEGAUTENG WEZOMGWAQO NOKUTHUTHA

**LET WEL:** UHLAKA LWENQUBO EZOLANDELWA YOHLELO LWEZOKUTHUTHA LWESIFUNDAZWE SASEGAUTENG

GAUTENG PROVINCIAL GOVERNMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

TRANSPORT AUTHORITY FOR GAUTENG
ACCESS GAUTENG 2050
Connecting People, Places and Opportunities Sustainably

IlunguLomkhandluOphethe(MEC)leMigwaqoNezokuthutha eSifundazweni saseGauteng lapha linikeza isaziso sokuthi uhlelolokuqalalwesulwezokuthuthalweSifundazweStrategic Transport Plan (STP) olwalungiselelwa ngokuvumelana nesigaba 7 soMthetho 2 ka-2019 Wegunya Lezokuthutha LaseGauteng seluyatholakala ukuba luhlolwe, lubhekwe wumphakathi futhi kuphawulwe ngalo kumahhovisi esifunda nakumawebhusayithi ashiwo ngezansi.

I-STP yeSifundazwe saseGauteng iye yalungiselelwa ngokuvumelana nezimfuneko zesigaba 7 zoMthetho 2 ka-2019 Wegunya Eliphethe Ezokuthutha LaseGauteng.

I-STP evuselelwe izohlinzeka ngohlelo lwenqubo ezolandelwa (strategic planning) ukuze kuqondiswe uhlelo lwezokuthutha eGauteng inkathi eyiminyaka engu-15. Imigomo ye-Gauteng STP ukuhlinzeka ngohlelo oluhlala isikhathi eside lwenqubo ezolandelwa lokwakhiwa okubumbene kwengqalasizinda yezokuthutha kanye nezinsizakalo eSifundazweni saseGauteng.

Lapho kulungiselelwa uhlelo lwesu lwezokuthutha lwezokuthutha (strategic transport plan), Igunya Eliphethe Ezokuthutha laseGauteng kumelwe lihloniphe lokhu:

- Uhlaka Lwenqubo Ezolandelwa Yezokuthutha Zomgwaqo Zikazwelonke (National Land Transport Strategic Framework) esigabeni 34 soMthetho ka-2009 Wezokuthutha Zomgwaqo Zezwelonke;
- Uhlaka Lwezokuthutha Zomgwaqo Zezifundazwe (Provincial Land Transport Framework) esigabeni 35 soMthetho ka-2009 Wezokuthutha Zomgwaqo Zikazwelonke; kanye
- Nezinhlelo Ezibumbene Zezokuthutha (Integrated Transport Plans) zomasipala abathintekayo ezicatshangelwe esigabeni 36 soMthetho ka-2009 Wezokuthutha Zomgwaqo Zikazwelonke;
- Imininingwane ngabantu, ezomnotho, ezenhlalo, ezokuhamba nezokuthutha eSifundazweni;
- Inqubo yohlelo lwemisebenzi yokwakha nentuthuko ezweni eqhubekayo njengamanje, ehleliwe, nesacatshangelwa.
- Okwenzekayo nezimfuneko ngabantu abasohambweni abavela ngaphandle kweSifundazwe abangena eSifundazweni, nabasishiyayo lesi Sifundazwe, kanye nesibalo esandayo sabathatha lolo hambo;
- Noma yini ehlongozwayo etholakale emagunyeni aphethe ezokuthutha nabasebenza ngezokuthutha (operators); kanye
- Nezinye izindaba ezinjalo ezingase zinqunywe ngu-MEC noma lezo abaphathi abazibheka njengezikufanelekelayo ukucatshangelwa.

Abaphethe Ezokuthutha eGauteng kumelwe baphinde baqinisekise ukuthi uhlelo lwezokuthutha oluzolandelwa luyavumelana nezinhlelo ezithintekayo zentuthuko esifundazweni ezilungiselelwe ngokuvumelana neNgxenye D YeSahluko 4 Somthetho Wokuhlelwa Kwezinhlaka Nokulawulwa Kokusetshenziswa Komhlaba ka-2013 (Spatial Planning and Land Use Management Act).

Uhlelo i-Gauteng STP elwakhayo emithonjeni yezincwadi ekhona nokuveza izimvo ezitholakale kwabathintekayo kanye nabayinhloko abathintekayo ezinyangeni ezingu-6 ezidlule. Inkathi yokuhlowa kohlelo i-STP izoqala **ngoLwesine, mhla-ka-20 kuNhlolanja (February) 2025 luze lugoqwe ngoMsombuluko, mhla-ka-24 kuNdasa (March) 2025.** Umphakathi ungazifaka izimvo zawo nokuphawula okulotshiwe kuMnyango ukuze kucatshangelwe engakadluli umhla-ka-24 kuNdasa (March) 2025.

Sizozijabulela kakhulu izimvo nokuphawula kwenu futhi kuyingxenye ebalulekile yenqubo yokuhlela. Kuzoncomeka kakhulu uma umphakathi unganamathela osukwini olunqunyiwe ukwethula ukuphawula nezimvo zawo ukuze senze ngokuvumelana nezikhathi ezinqunyiwe, okungase kusho ukuthi ukuphawula okuyotholakala ngemva kwalolu suku ngeke kwazi ukuthi kucatshangelwe ngesikhathi. Ukuphawula okulotshiwe kungafakwa nganoma yiluphi ulimi olusemthethweni.

**Isimemo esiqondiswe Kwabanesifiso Sokwazi Nabathintekayo sokuthamela umhlangano ozoqhutshwa nge-computer (virtual meeting).**

Igunya Eliphethe Ezokuthutha eGauteng (Transport Authority for Gauteng (TAG)) limema bonke Abanesifiso Sokwazi Nabathintekayo (I&APs) ukuba babambe iqhaza kule nqubo yokuhlaziya komphakathi ngokuba khona emhlanganweni ozoqhutshwa nge-computer ozoba ngale ndlela:

**Usuku:** Ulwesibili 11 mhla-ka-11 kuNdasa (March) 2025
**Isikhathi:** 09h50, ukuze kuqaliswe ngo-10h00 am uphele ngo-13h00
**Inkundla:** MS Teams

**RSVP:** Sicela **NIBHALISE** ukuthi nizoba khona emhlanganweni ngaphambi/ngomhla ka-06 kuNdasa (March)2025 ngokuthumela elilandelayo: stpandiip@taggcr.co.za noma toni@pietersenpp.com

Wonke ama-I&APs abhalisela ukuba khona kulo mhlangano we-computer azothola i-Linkezowafaka kulo mhlangano. Phawula ukuthi ababambiqhaza esinethemba lokuthi bazothamela lo mhlangano akudingeki ukuthi babe ne-MS Teams ukuze bangene kulo mhlangano, nokho, kuzodingeka bajoyine nge-"browser" uma bengenayo i-MS Teams.

**Izindawo lapho amakhophi ephepha e-STP ewuhlelo engabukwa khona:**

-STP ewuhlelo iyatholakala emahhovisi wesifunda (regional offices) soMnyango Wezemigwaqo Nezokuthutha waseGauteng (Gauteng Department of Roads and Transport), i-Transport Authority for Gauteng (TAG), kanye nenhloko-dolobha namaphetheloezindawo zayo ezizungezile, isifunda, nomasipala basekhaya eGauteng (bheka uhlu ngezansi). Isifinyezo Samaphuzu Avelele sohlelo lwe-STP luyatholakala ngezilimi ezilandelayo ezindaweni zemphakathi ezifakwe ohlwini (in the list) noma uma ulicela kuHHovisi Lokuxoxisana NaBabambiqhaza le-STP (bheka imininingwane ngezansi): IsiNgisi, isiZulu, Sepedi, NesiBhunu.

Amakhophi athunyelwa ngezobuchwepheshe (electronic copies) ohlaka lwe-STP kanye/noma uMbiko Ofingqiwe wawo angase atholakale ngokuwacela e-STP Stakeholder Consultation Office ngokuthumela i-E-Mail kulo muntu olandelayo okuxhunyanwa naye:

**Antoinette Pietersen**
Gauteng STP Project: Stakeholder Consultation Office Coordinator
Transport Authority for Gauteng

**Ikheli Leposi:**
PO-Box 1266
Kelvin
2054

**Ikheli Lendawo:**
44 Grand Central Boulevard Ext 1.
Midrand
1682

**I-imeyili YeHhovisi Lokuxoxisana NaBabambiqhaza LaseGauteng le-STP:**
stpandiip@taggcr.co.za noma toni@pietersenpp.com

**Amakheli wewebhusayithi wokuthola amakhophi wekhompyutha wohlelo lwe-ITMP25 kanye/noma iSifintezo Samaphuzu Avelele:**

**www.gauteng.gov.za** (ngephansi kwesithi Publications)

NOMA

**https://www.gautengonthemove.co.za**

**Usuku Lomnqamulajuqu wokuthunyelwa kokuphawula:** UMsombuluko, 24 Mashi 2025. Ukuphawula okubhalwe phansi kuphela okuzokwamukelwa.

**UHLU LWEZINDAWO ZOMPHAKATHI**

**GAUTENG DEPARTMENT OF ROADS AND TRANSPORT OFFICES IN GAUTENG**

| Indawo Ihhovisi Lesifunda kanye Nomasipala Bendawo abatholakala kuzo | Ikheli Lomgwaqo | Inombolo Yokuxhumana |
|---|---|---|
| Benoni Regional Office | Main Reef Road, Van Rhyn, Benoni | **Ucingo:** (011) 748 2000<br>**Umakhalekhukhwini:** 083 790 9399 |
| Bronkhorstspruit-streekkantoor | Oviprostraat 2, Riamarpark, Bronkhorstspruit | **Tel:** (013) 932 0171<br>**Selfoon:** 082 430 8011 |
| Derdepoort Regional Office | 326 Baviaanspoort Road, Tshwane | **Umakhalekhukhwini:** 082 939 5869 |
| Heidelberg Regional Office | No.1 Station Road, Heidelberg | **Ucingo (Switchboard):** (016) 349 1275 |
| Koedoespoort Regional Office | 1215 Michael Brink Street / Nico Smith Avenue, Tshwane | **Ucingo (Switchboard):** (012) 310 2200<br>**Umakhalekhukhwini:** 071 670 5935 |
| Krugersdorp Regional Office | 97 Fourth Straat, Krugersdorp Noord | **Umakhalekhukhwini:** 072 061 2595 |
| Life Centre Building (Head Office, GDRT) | 45 Commissioner Street, Marshalltown, Johannesburg | **Ucingo (Switchboard):** (011) 355 7000 / 7332 |
| Vereeniging Regional Office | No. 16 Lager Street Leeuwkuil, Vereeniging | **Ucingo:** 010 345 4367<br>**Umakhalekhukhwini:** 060 546 7461 |
| Transport Authority for Gauteng | 44 Grand Central Boulevard Ext 1. Midrand | - |

**AMAGUNYA APHETHE EGAUTENG (LOCAL AUTHORITIES IN GAUTENG)**

| | | |
|---|---|---|
| **District Municipalities (DM)** | | |
| Sedibeng DM | Cnr Beaconsfield & Leslie Streets, Vereeniging | **Ucingo:** 066 472 7234 |
| West Rand DM | Cnr Sixth and Park Streets, Randfontein | **Ucingo:** 079 510 2695 |
| **Metropolitan Municipalities (Metros)** | | |
| Ekurhuleni Metro | EGSC-Building, cnr Cross and Roses Streets, Germiston | **Tel:** 063 686 6669 |
| Johannesburg Metro | Metropolitan Centre<br>1st Floor Council Chamber Wing<br>158 Loveday Street<br>Braamfontein, Johannesburg<br>75 Helen Joseph<br>Transport Department<br>Johannesburg | - |
| Tshwane Metro | Tshwane House Reception, Cnr Madiba & Lillian Ngoyi Streets, Tshwane | - |
| **Local Municipalities (LMs)** | | |
| Emfuleni LM | Cnr Klasie Havenga and Frikkie Meyer Boulevard, Vanderbijlpark | **Ucingo:** 087 562 1982 |
| Lesedi LM | Civic Centre, Cnr HF Verwoerd and Louw Street, Heidelberg | **Ucingo:** 016 492 0049 |
| Merafong LM | 3 Halite Street, Carletonville | **Ucingo:** 018 788 9500 |
| Midvaal LM | Cnr Junius & Mitchell Street, Meyerton | **Ucingo:** 016 360 7445 |
| Mogale City LM | Krugersdorp Library<br>Corner von Brandis and Market Streets<br>Krugersdorp CBD | **Ucingo:** 081 031 4055 |
| Rand West City LM | Cnr Sutherland & Pollock Streets, Randfontein | **Ucingo:**010 496 5635 |